ISOLEZWE (KZN)
17 Oct 2011, p.2








**IBISIKA** ukhasi imfashini embukisweni waseDurban University of Technology



**UPINKIE** Lentsa owine umklomelo we-Best Mens Range lapha uthathwe nomunye wabakhangisi bengqephu
Isithombe: MITCHELL HARPER



**KUPHENDUKE** amakhanda amaningi ngesikhathi kungena le ngubo eyenziwe ngebhayi lezangoma kaNtobeko Gumede



**UMA** odado bengathungelwa nguShelley Botha bangabukeka kanje. Lapha bebekhombisa ngezimpahla zakhe eDUT ngoLwesihlanu
Izithombe : PATRICK MTOLO

# Abasiki kabalawulwanga wubulili

**BONISWA MOHALE**

**B**ENZE okungajwayelekile abafundi bezemfashini eDurban University of Technology ngesikhathi abesifazane beqoma ukuthunga izimpahla zamadoda kwathi abesilisa bona benza ezabesifazane.

Embukisweni wemfashini obuhlelwe yiDepartment of Fashion Design e-Sports Centre eSteve Biko Campus, abafundi abenza unyaka wokugcina baveze ikhono labo lokusika ingqephu.

Le zimpahla bezithungwe ukuhambisana nendikimba ethi Genomorph lapho bebekhombisa ukuthuthuka kwabo kulo mkhakha.

Inhloso yale ndikimba bekuwukuthi umfundi atshengise amajaji ukuthi imisiko yakhe yehluke ngani manje uma iqhathaniswa neyangesikhathi aqala ngaso ukwenza izifundo zemfashini.

Abasiki bengqephu oPinkie Lentsa, Sanelisiwe Myeza, Ayanda Sambo noPhumzile Sibisi bebekhombisa ngezimpahla zabesilisa.

Ngokujwayelekile abesilisa yibona abavamise ukuthunga izimpahla zamadoda kwazise bayazi ukuthi yiziphi izimpahla ezibaphatha kahle.

UPinky, owine umklomelo we-Best Mens Range, uthe okwamenza wakhetha ukugxila ezimpahleni zamadoda wukuthi ababaningi abantu abazenzayo.

"Ngifika esikoleni ngabona isikhala esikhulu, ngathi uma ngenza ucwaningo ngathola ukuthi abantu bathi kunzima ukuthungela amadoda, bakhala ngokuthi kudingeka ubuhlakani. Bengingalindele-ke ukuthi ngizowina, ngakho ngijabule kakhulu," kusho le ntokazi yaseMount Fletcher, e-Eastern Cape.

Abanye abahlalebene ngemiklomelo ngoBianca van Rooyen othathe owe-Best Technical Range nowe-Most Commercial Range.

UShelley Botha uthathe umklomelo we-Best Range on show ngezimpahla zakhe zodado. UMegan Dreyer noKyra-Moon Halfpenny bathathe umklomelo weMost Innovative Range.

Amajaji bekungabasiki bengqephu abahlonishwayo kuleli oColleen Eitzen, Cherié Greyling, Kathrin Kidger noLaurie Holmes.

Inhloko yakwaFashion Design, uMnuz George Voster, uthe lo mbukiso ubaluleke kakhulu ngoba yiwona okhombisa intuthuko yabafundi bakhe.

Abanye baye bathole umsebenzi ezinkampanini ezithunga izimpahla nasezitolo ezinkulu ezisuke zihambele lo m[illegible]